ILANGA LASE NATAL

Olwesihlanu, April 2, 1920.

## AMAZWI omBISHOP wasePRITORIA.

NJENGOBA senike neswa ezihlelesilelipepa ukuti uMbishop wasePitoli uyawela ubizelwa esinye isikundhla eNgilandi, ushiye amazwi amakulaswabbekisele kuGen. Smuts, ekulumela abantu bokudabuka kalelilizwe. Setemba ukuti uGen. Smuts azomogena lamazwi kube kona okuhle akwenzela Indhlu emnyama. Uti uMbishop akusizi luto ukuba kude kutiwa ukutala kube ukutala kungeko kubanta, kuhle zonke isikalo zabantu sibhekwe silungiswe, ngoba abantu abasenalo itemba kuHulumeni nakubelungu bonke. Kuhle abantu basindiswe kubaholi babo abamakanda ashisayo, ngeadhlela yokuba izikalo zabo sibonwe, uHulumeni ezwane nabaholi babantu abahlakanipileyo nabanengqondo epolileyo kugudhlazwe isikalo zabantu. Akusizi ukuba abelungu balingise intshe yona eti ingashiqela ikanda esihlabatini icabange ukuti isibhacile. Akuseko ukubhacela abantu ngoba bashisekile ngemfundo beyasifuneta yona, futi bayifuneta abantwana babo. Bayateliswa keps imali abayiteliswayo abazi ukuti ishonapi. Kangaba into enhle okobane nasePariamende ihlazulelwe imali eteiwa ngabantu kubonakaliswe esetshensiselwa inqabela pambili yabo; ngoba bangatela ngenkululeko nxatshana bebona ukuti imali abayiteluyo iqondene nabo. Wati abantu batobile ngemveso, kuyabatunuka ukupatwa kubi beguntelwa befakwe osakosi ngeadaba yamapasi. Uti ke ngokwake veluleka uGen. Smuts ukuba (1) kuketwe amadoda amatata emi kahle omanye wabo kube amanto belalekane noMbuso ngazo zonke izindaba esipatelela kubanta. (2) Okwesibili kwakiwe amabandhla esifundeni ngesifuada okuxoxa izindaba abonise nezikalo zabantu.

## IMVUKAKUFENI.

Lomkosi ogujwa namhla owaziwa ngokuti okaGood Friday akusiwo owomBuso womhlaba kepa oweBandhla wokudumisa isikati esikulu sokwenzeka kwezigigaba, sokufa nokuvuka koMsindisi wezwe uJesu Kristu iNdodana kaNkulankulu. Lesisigigaba sisedwa ezindabeni zonke ezinkulu zombhlaba. Kade kabevela nje abaholi nabantu abalungileyo nabacwebileyo amuko owenzelwa umkosi wokuVuka kwake. Lwaziswa ngakona kolusuku ngoba luyiqiniso elipete umongo omkulu wokupila kwesintu sonke ngobo lwaso.

Namhla ngolwesiHlanu lusuku uGood Friday (olwesiHlanu oluhle) ngoba nakati lwaba olumnyama ku-Msindisi kitina bantu luhle ngoba lwasivezela okuhle kakulu ukusindiswa ezonweni, umsebenzi walo waqanyiswa ukuvuka kwakhe uMsindisi.

Sidinga ukuba siti sijajile sibe sikumbula umtombo walomkosi siwugabbe kahle kungabi ngokwesusa nokuowesa kupela kepa sigobise amakanda ngokufa okwesabekayo koMsindisi ongenasono wezwe sihlambuluke ngoEaster Sunday ngokwebuza yonke imidati nezitiyezo zokwona Sibafisela lozo bonke abafundi betu.

## IZINDATSHANA NGEZINTO NABANTU

BHIXEZINYE, Umzinto. Leyondaba asiangimiso naso. Uma abaniuvo betule ngayo thleze sishe amatapa ngokuyifaka epepeni.

—:o:—

Ufele eGermiston ngelidhlule uMrs. Ntombini Radebe indodakazi kaBhozibhosi Cele waseAdams M. S.

—:o:—

Usshintshelwe eIxopo uRev. E. H Steele okade eseVerulam iminyaka eti'e. Ubetandeka kubantu bake akade ebepete.

Sifakela uMr. Zebulon Zake lesisizizo sekeri lakubo esellitwa:—

Ekubusiweni Echo?,
c/o J. M. Farell Esq.,
The Ridge,
Damisa Rail.

—:o:—

Ikeri likaMafukazela eGoli selitiwa P. O. Box 1237, Johannesburg manje.

—:o:—

Uke wati kulokuqa ngalapa uMr. Amos Sitole uMvangeli wase'Emuhaane M. S. waye wafika eNanda.

—:o:—

Umshini wokundiza usanda kusuka emkuqini elwandhle wandisa wabaye wati cabo pezu kwawo. Loko bekuyingqala.

—:o:—

Kusaganiswa izingane elndia esibudala busuka emiqvukeni emihlanu kuye kweyi 16.

—:o:—

Amadoda abeketelwe a'uhlola udaba lokuba kutshintshwe imali yase naseniBritania ibe uhlobo lweDecimal System bate akubonakali lusizo olukulu ukuba kncitwe lemali ekona.

—:o:—

Eliye ilungu leParlamende, ixwele, ngesonto elidhlule lihlezi eBandhla letuka selivuta ibhuntshi umhlo wacitelwa amanye amadoda.

—:o:—

Isifunda saseFinetown ekade sineukantolo enesne esikulisiwe sanikwa iMantshi epeiqle uMr. Griffin okade eseNew Hanover.

—:o:—

Sibonga u5/- ovela kuMr Petros M. Tembe waseI orerco Marques yesicelo sikaMafukazela. Ume njalo wena wakwaTembe.

—:o:—

Loku elilungu loMlomo uRev. R M. Ngcobo ubehlile ese emhlanganweni wawo obuseTekwini ngolwesiBili March 30.

—:o:—

Sike sabona uRev. J. T. Bhulose wakwaMapumulo ese emhlanganweni wawo obuseTekwini woMlomo.

—:o:—

Usate kulukuqa ngaseGoli uMr. Walter Dimba ukulangisela akawela ayoqaba isifundo sake eMerika.

—:o:—

Wapuma ngapambili umlungu owadubula wabulala umfowabo eGoli owamfumana enomkake. Ulury yati waengenakwenza okunye.

—:o:—

Kusokwakiwa umshini wokukulama ngapandhle kocinco (Wireless Telephony) pakati kweHol and neNgilande.

—:o:—

Umlungu uSchoon owabulala umkake nomlamu ayiswe nganiwa kumapoyisa. Icala liyotetwa amajuji.

—:o:—

Katolwanga umuntu owabulala ingane eyafunyanwa eBeach eTekwini incntambo emqaleni isifile.

—:o:—

Uyawela uRev. Hans Nilson nasya kubo eSweden. Utengise ngalo iplasi lake eHill Crest washiya emeEka 7 ukuba kusale kuqutshwa umsebenzi weNkosi kona ohlangene neAmerican Zulu Mission. Wetemba ukubuya kepa adhlalele eRhodesia lapo etenge kona iplasi, amadodana ake ayolimela bona bayoshumayela kubanta. Simfisela uhambo olnhle umfundisi oyisihlobo sabantu.

—:o:—

Kunikela ngo April 1 isinkwa sama pandi amabili esingu 1qd eTekwini ngenxa yokubasa kwempupu.

—:o:—

Insizwa eyati isilele embhedeni yabhema yafunyanwa ishile sekuyilahle izinqubo zokulala nep'pi lake.

Kwati bevula bafice kupatenqa izingubo nomalalasi. Washeshiswa ngukuvala izibuko lapo elele kona.

## Eze Parlamende.

Ngolwesine indaba epatelela kubanta ibisingetwe iBandhla leParlamende lapo kungena ivoti lezindaba zabanta.

Umkulumeli wabanta baseBetanjini uMr. Stuart ute, kuhle ukuba uHulumeni andise imbeu kaKolweni kubanta ngoba babulewe ukwomisa kwezulu. Ukuze imbewu ibe nsizo k banta kuhle tshalwe emsontweni amabili, ngoba ombila awuko neze ngenxa yokwomisa.

Ute uMr. Boydell noma emboopa uHulumeni ngesizo olunesane elwense la abantu ngesikati bebulawa yindhlala ngombila noko uyamsila ngokudedela omuingi uweziwe uye posheya ngenxa yenzazo ube usale ubulala abantu lapa ugamanani amakulu. Nebandhla lokuhlola ukubiza kwezimpahla libonile mhlope ukuti abantu abamnyama bayabelawa ngezinto abapila ngazo.

UHulumeni ute bazobolekwa nabantu imbewu kaKolo.

Ngodaba lokntengisa kubantu abasebenza ezinkomponi zegoli kutiwe azivanyelwe izinkampane zokumba ukutengisa kubantu kodwa abasola loko bangabbekelwa ngomteto.

Ngodaba lwebolo labantu wapendula uMr. Malan wati abantu abasebenza ezinkomponi batoliswa ukudh'a nezindhlu zokuhlala bengakoki luto kepa pela akukulunywa ngabangapandhle abangakutoliyo loko, kodwa wetemba ukuti abelungu bazolingisa uHulumeni bakupulele abantu iholo nabangakakwenzi bazokwensa. Wati futi ngamapasi iNkosi yoMteto isilikipile iswi lokuti makwenziwe ngcono nyetemba akuti izikalo ezininzi zizosuswa. Kepa ndaba lonke lwamaPasi lubbekelwe ukuqondwa emva kombiko weKomishani. Wakomba uMr. Merriman ukuti naye uHulumeni uyabadhla abanta ngoba izimpahla abasitengayo ezinjengezingubo zokwambata siteliswa ngokwegileyo emsibukweni loko okwenze abesitelo bnoise kakulu ngezo bebayisa leyo abayiteliswe nguHulumeni.

Wati uMr. Creswell noma kutiwa isinkampane zizotengisela abantu abasebenza kuzo kalula ngesimpahla abasidingayo noko nabo basodinga ukubhekwa hlase kuputshuke okunye

ILUNGU ELAVUTAYO.

Kwati iBandhla lihlangene ngolwesiHlanu otadhlule kwavela indaba eqandile eliye ilungu uMr. Brown bametaka esepama etiwe nga yintsta bamputame abanye bamkumula ibhantshi elabe selitshile. Naye kaqonde akuba umlilo wetangelwa yini nti kodwa lwabe lukona nzweti lwabelanga ekukwini kwabe ibhentshi lisanda kuhlaswa ngamafuta ePetrol.

UMTETO OMUSHA WABADHLA ARANTU.

Ububi bokubiza kwesiato iswe lonke bakuka ngaugoba uHulumeni asefuna ukusheya umteto nma umuntu wanyaniswa ecsieni lokubiza kasala uyaba pansi kwehlanlo lase £500 noma abeshwe ejele unyaka noma kokobili kwehlele pezu kwabe. Nokuteleta amaswe nesindhla kuyaputwa ngomteto manje. Kuyaba kona iBoard of Control elisohlola amasuni esimpahla libize noma ubani osolanda pambi kwalo, lisbo iasni elifanele ukubiswa ngempahla etiv. libuyisele odhliweyo adhliwe kona limangalele abapala lomteto.

## Ezase Mgu'ndhlovu.

Amakasa esaqalile lapa, umhlola nje ukuba kuti ehlobo kufike amakasa amaningi kangaka noma ubomansi asasi. Kodwa tina siti ubusika.

o o o

Umhlanzano wegatya likaCongress abuhlengene ngokuketa isihlalo sonyaka. Umhlangano ubapetwe uMr. W. M. Msimang iChairman epamayo esekelwe nguMr. J. S Gumede iVice Chairman epamayo noMr. N. Ntuli uSecretary opumayo. Umhlangano ukete uMr. W. M. Msimang akuba apindele esihlalweni abahole futi kulonyaka, asekelwe nguMr. George Ndimande iVice-Chairman, asiswe nguMr. N. Ntuli, uMgcini Sikwama kube uMr. Silas Radebe. Iribonda ama Delegates kwaba ngoMessrs. W. M. Msimang noJ. S. Gumede, ababbeke isapuko esibondeni ngoMessrs. Jas. Msomi noGio. Ndimande.

o o o

Umbhaleli wezase Mgungundhlovu akadhlanga impundu uma eti uRev. Moses Sibisi wabakwa wagowa'iswa, eti wayekona uMabaleli wezaseMgungundhlovu lapo ebekwago uSibisi.

o o o

UChief Lutayi sike sambona kona lapa. Iskone saMatenyoka ibihamba ngezamaBuc'nera.

o o o

Ku isiposeo akuti uChief Mini ungenela amaGatya kaCongress ukuba ecda iminikelo yamaNxasa UChief Mini akahlan ene nese nokucukumisa ukuqaba kuka Congress kodwa ncela iminikelo yamaNxasa kupela ukala esika J. T. Gumede omemesayo peshesya. Akubona ubupakati ukuyekelela uMr. J. T. Gumede peza komesebeni awensavo akugovusa imbhisa yesililo sezwe lonke senkulukulu nenhlala kahle yomuntu omnyama. Kuyisiposeo okuvele eTekwini ukuti imali bangamnika ama icelwa uMr. Radebe no Mr Dube. Songati abaseTekwini bamqonde songati use kuCongress. Ulcusile nalapa iCommittee naseTekwini nakwezinye isindawo le Committee elokucela iminikelo nje kupela. Ums ibandhla libona futi liswa okweaziwa amaNxasa imfanelo yalo ukwenza imizikelo kupela bakona abanikazi Congress engiti nabo bangese bavimbele umuntu ezicelela umnikelo engoni luto lomsebenzi wabo.

o o o

Liyoti lipuma lelipepa sobe sihlakaskelile siye emakaya ukuyopumula ngemivalo yama Easter Holidays Asszi ukuti nonyakaaje izihlalo zika Natal Native Congress aziumemanga ngasi umhlangano wonyaka wokuketa.

o o o

Ukoliswkele uMr Charlie Nollish umuIndian, indodana yake ibulewe ihashi lomjabo elati lapo livakashiswa ekuseni eligibele letuka labaleka laye lamshiya otangweni wepuka umqala nokalo wanyapela lapo. Lomnumsane ubevele kwaba kubo neniugi labantu liyamazi. Siyamswela owaseNdis. Bokugewo nawo emangewabeni.

o o o

U Mr John Ray Msimang wase Howick umuntu wokuqala eNatal otole iLicense yobu Agent. Utelisa izinsuli zamaplazi nemisebenzi eminingi. Ukukanya kuyanda.

## UBOBONELELA ISISU SAKO.

Inxa ngaliswa ukuhamba kabi kokudhla esiwini ube ungakasilingi izinhlamvu na zika Chamberlain, awusipete kahle isisu sako. Makungati ngoba sekwahluleka eminye initi ubese udela. Lezinhlamvuana zelapa izigubi esezehlule odotelo. Zitengiswa yibo bonke abatengisi.

## Ezase Goli.

Ibandhla likaRev. J. Msimang livama ukulandelwa isisila ngoba kube kuyavele umfundisi efundileyo noqamileye kulo atanjwe isifo. Usbonile uRev. Simon Msimang obesungene kulo Ibandhla le Independent Church.

o o o

Abelungu balapa eTransvaal bawacwase kabi amaIndians, bati kuhle avalwe ekudayisemi nenkatengeni inhlabati, sengati baqonde ukuba indaba yawo ingeze naseParlamende.

o o o

Ngalapa ePitoli unlungu upumele ngapandhle komasi eya kudaya onogwaja, wakwela pezu kwesidamtu somlungu ekade safa. Edase kwaso kutona igabha likagologo nevolovolo, imilamvu enye yalo esayadutshulwa. Kaostshangelwa kangandi uMr. L. Marx okade anyamalala kungaqondwa ukuba wapi.

o o o

Emva kokomisa okukulu ngaleliseuto eliihlale like lase imvala esingi lapa eGoli.

o o o

Kutetwa icala lomlungu owadubula umnewabo ngalapa eBenoni. emsoleia u'uti wastandana nomkake.

o o o

Anoyapela nina esivama ukutenga lempahla okutiwa epuma ngasemva. Ukona umfo ompemvana ecitshe wabonhwa naye wasinda ngoba epike wayetaka ngomhlane eti abengasi ukuti intshontshiwe. Wayitenga kumuntu obizo lake lingaSimon owa, eyikipa ngasemva esitolo saoMessrs. Albert & Co.

o o o

Sike sabona lapa eJozi uMr. Wells utisha wodumo eManzimtoti okade ese'Ounta efundisa. Uqale isikole sake ePark'own North sabafana babelungu abalungiscla uSchool Higher weCape University. Ucumile umsebenzi wake.

o o o

Otisha baseTransvaal basatole ikefu lesinvaku esiyishumi lamahalide nabantwana babo, bedhla uEaster.

o o o

Umusi waseGermiston wehlulekile ecebweni lawo lokwaba imigwaqo ngabasebenzi abamhlope. UKopelotsheni wakona ukufumana kungakokeli, sebesobayela edhlini emnyama. Beti abanamandhla sebavema ukumonyuka kawo kwasala amalala ehlulekayo.

o o o

Isdaba yonusi waseVrededorp isikuluqwa eMpakatini eCape Town ukuba lowo musi ususwe afanelwe enye indawo ngoba bati uyihlazo. Ikona lapa lapo kwakufwa abelungu nabanta.

o o o

UMr. Moses Fanwayo Lotali, wase Mpolweni, ukwele ngeSonto esanda kufika nje ngoba ebikelwa ukuti akona amantu otakata amasi wake. Kepa kuyamangaliwa ama esikweni leVangeli kusekona abanta abanjalo. OkaFanwayo wenzeke okwenzeka kuninslume u Ass Mtyali, abatata naye ipasi lokuza lapa bebaye bebaya naye sebehleiwa isidu mo kanye kanye futi. Siyacezwela abahlobo beta.

o o o

Ushone ngomSombalako odhlalileyo aEugene ka Makala. Umagesabo wake, wawumukulu lapo uMr. Noghagha, Induna yase Crown Mine yakuluma amaswi amakulu ngomafi.

o o o

UMr. Whitefield Kuswayo uselapa ngezenkonto yasesilungwini.

o o o

Koba kona iKonseti eCity Deep Hall, kogajelwa ubuqawe obeasiwa izinsiwa mubla kufiwa nampoyisa. Kumenywe nembongikazi uNosasisi, ka Mqweto, uMachizana, ukuba ayobongela kona. Umuntu wokuswa ngaso zombili.

o o o

URev. N. Chas. Mkise, sike samubona lapa epuma emuzini wake eBenoni lapa esemise kona okwamanjena.

o o o

UMr. William Simon Kwela, usengcono loku kade egula umkuhlane omkulu imfulayenza.

## Obo ga umuti wakwa Lacombe.

F. L. Dawber Esq.,
The Lacombe Drug Store,
509, West Street,
Durban.

Melapi wami odumileyo ozitobileyo bengitanda ngisesfiso sokuba bonke abahlushwa isifo cesaipete mina basebe bapotame kumbe uNkulunkulu angaba hlaba imitshila njengami.

Ngangisesfiso seminyaka sokunga hambi kahle enyangeni ngatata amagabha amatatu ka No. 6 ngapiliswa, ngati noma sengiswa ukushisa esinyeni ngatata uNo 1 uKofukofu ngasinda namhlanje nginjengabapilileyo. Impela ngiya tokoza uma onke amaZulu aka Senzangakona ezwe lemaswi. Kungati iNkosi ingabe nawe nosiguli zako.

Imina opilileyo ngeqiniso,
Mrs F. M. KUNENE.
Ixopo M. S.

## ILANGA NENGQONDO.

Mus'ukwelapa igazi uma ukwelwe ukunkenketa kwamatambo. Gooba ngapandhle ngesigcobo sobuhlungu sika Chamberlain. Ngesinsukwana sisokuvusa sikakipele elangeni ibese imvelo ibuyisa igazi elitopileyo elibomvu enitenjeni yako kuti masisha likipa emnimbeni lesisifo esikatsanayo. Sitengiswa yibo bonke abatengisi.

## Ukutunywa kukaSobantu.
(Iqutshwa kwelidhlule)

Nagikati besebutana abafana uSobantu wabe chlezi kaleyondhla esengisitshele yona emGangandh'ova, lapo kwasaleiwa kona indodakazi yake yokugcina uSincke. Kepa wabe ejwayele ukufika ngamaSonto asekukuleka emzini osenesesi, lapa kwakunotetwa kona, ingakakiwa indhlu yoSchool Ekukanyeni eyabe ibiswa ngokuti "St. John's". Abafana nabanta bonke beza besontela lapo sebevuze ukupelela bonke ababebutwa.

Kwakutona isikukazi sensibekonise abafana, emsibapakela ukudhla sibageze nokubagesa laba abasahlukela ukusigesa, igama lazo kuneSara, esesineododakazi yaso uNozindaba nomfanyana uSishinkili. UNosindaba lowo wagcina ngokwendela kuNonjazela, Nguye owasala indodana uMgwadhla oyinkomas osekumi yena ujengoba uNonjazela engaseko aje wamuka.

VI. Zabutana-ke izingane zivela ezindaweni ngesindawo.

1. uZtshuke kaMbeswa wakwaNgubane indana kaSomtees wakipa uNdiane (emzini wakwaSijabhile.)

2 UMaswi wakwaZondo wakipa uMqikela.

3. UNgoza kaLudaba wakwaMajozi wakipa uLuntshungu noMdhlwamafa (emiziai yake emibili kwaNgabayena naseNhlanhleni.)

4. uMfulatelwa kaLudaba wakipa uNsibansiba Emgwaqweni, noMavuka Enyatini.

5. uNoodenisa kaMabhangwini waseemaTulini wakipa uBubi.

6. uFanwayo kaMpopomo wakwaLutuli wakipa uNgulube noMali noMpakana.

7. uSogwebe kaMasekwana wakwaNtuli wakipa uMandela.

8. uJojo kaBhilibane wakipa uNovanywa.

9. uJojo kaSotshokoyi wakipa uMavangavanga.

10. uNozitshima kaMaxosa wakipa uKali noMlandu.

11. uNonzwenzwe kaMlalazi wakipa uMakankana.

12. uMagwaza kaMatomela wakwaNgcobo wakipa uSkelemu noMlinganaka-Manswami.

13. uMangqotsha kaSimonaka wakwaHleia wakipa uFoni.

14. uKayana kaZiweni wakwaMkize wakipa uMabomvana.

15. uMangena kaNokupata waseuaNkwanyaneni wakipa uBhobhiyana noSinda kaMfutwana.

16. uNtanja kaMtotiya wakwaNgcobo wakipa uMdwebu.

17. uMvunyelwa wakwaZulu wakipa uQomintaba.

18. uMahambehlala wakwaDhlamini wakipa uMpizayonke.

19. uMbange wakwoZatshuke wakipa uBakotase.

uSontshenge wakwaMapumulo wakipa uMankentshane.

21. uMvubu kaTshongwe wakwaMkize wakipa uMavumengwana.

22. uNtenteni wakwaMajozi wakipa uNkolwane.

23. uBoy waseuaZelemini wakipa uMalilugene.

24. Kepa bakona ababili engingasqondi kahle oyise nezibongo zabo, oNzisimane noMakanda noFilip, abebepome ngakwaZatshuke.

25. Bat'uba bafike labe baka Dunase uJonathan Ngidi waleta umfowabo wokugcina, uMbatiso.

27. Kwabaye kwafika uDaniel (wena kanye nodadewabo uMartha.)

Abafundisi ababefundisa kwaku oMr. Baugh noMr. Pigg beqala ukungena esikoleni ngo 9 o'clock wakunase kwze kube ngo 1 o'clock. Bapinde bangena futi ngo 2 o'clock wantsmoma baze bapume ngo 2 o'clock ntambama.

Angitsho ukuti bapelele bonke ababebutiwe, sekukona nokukohliwa ngenxa yokudepa kwesiksti. Ngingebe ngisaqinisa kahle ngendaba yaleyo nkati, kodwa bonke labe esengibalobile ngisabaqonda kahle.

VIII. Kwat'uba yakiwe ipele irdhlu ist. John's, eyabe yakiwe ngamaplangwe yonke, yafika kaloku izikosi nenkosikazi, sebeza nabantwana bobahlanu; kanye namakosazana amaningi oMisses Baker, Mclean, Nisbett, Sophy, Finlason, Grice, nabanye. Abe emaningi amakosazana, angiswakwambali kahle. Kwakukona futi amantombazana eskosikazi, oJane noMary ababevele ngaseuNambiti); omunye lowo uMary wagcina ngokwendela kuMcanyana (owafika kanye nowNtwana uMkungo, owabe esejibuto uDhlokwe, no Pansi ka Mvakela waseuaNtanjeni owagcina ngokwendela ku Mpina wakwa Ngcobo ongumfowabomncane ka Ntanja ka Mtotiya Martha ka Daniel wakwa Re se no Nozinpisi no Nondela owagcina ngokwendela ku Matshatshazane ka Dhlakela wase Masomini no Nomacala ka Qandane wakwa Qwabe no Zifaniso ku Mvubu wakwa Mkize owabuye wendela ku Qakaqa ka Bhunyane kanye no Ngeimezi ka Mangcaku ka Mpoko ka Nombhlanga adadewabo ka Hlalelwa wakwa Mkize owendela ku Stefane ka Ngwandhla umfowabo ka John Zulu Mtimkulu wase Edendale nabanye abaningi engingasabaqondi kahle.

(Isaqutshwa)

## IMIKUHLANE YABANTWANA.

Nibayekelani abantwana babe yilolo bekandhla imizinyana yabo ngelolulobo olukatsayo nibe ningase nelape imikuhlane yabo nengabha loka Chamberlain wokukohlela? Utengiswa yibo bonke abatengisi.

## UAaron Msomi kaseko.

UAaron Msomi indodana ka Nkom'yapi ka Fakisfakis-ka Soqeba. Wazalelwa Esimbukudeni ngo 1861. Abadala bakubo bonke ngokuti uMdhwabuwa. Wabemkabeta iwri lika Nkulunkulu esa inziwe esisile ngo kuhlala nomuntu wake uMisuk Mfoka owa ezga mfana yena ngaleso sikati elona isinikezo nomlungu ngase Port Hill uMr. John Isbister. Umti esebenza ekishini lakowo mlungu, uMfoka wakwaluma ngo Jesu kuyena wati ngingakolwa eNkosini nma ngifundise incwadi. Wabemtshe kuye kuhle ufunde ukutaadaza futi ecele incwadi eNkosini nesbala wakwenza konke kwenzeka kahulu enva kwezinyanga esimbili wase fundile incwadi yabantwana neTestamente, ngo 1896. Wabe sebamba iKilas ka Mr. Y. C. Mtembe kwaNhlawane. Wabe esegafakeni wezwi futi. Enva kokushwampela isikati eside kwa Nhlalwase ngo 1907 wahla waka kwa Matshoko ngatshani kase Mazabe M. Sta. Kona lapo wamkatelela uKristu, wabe asiwa kakulu pakati kwamavokatiya ebandhla kase Merika ngo 1912. Wabisitwa nasubesi nabaVangeli pasi kwo Mfundisi Peark.

Wapata bandhla elisiwe Abasalwane, (AmaKristo.) elikwa Dominic Ekuze ngatshani kase Zingelwani Mansfield M. Sta. Kwapenduka abasingi ngaye nokona afika umsebenzi wo Nkosi ocitekile sahaye ibandhla esilimalungu anga 80. Wase eElim M. Sta. ekupeleni kuka 1917. Okufika nakona iNkosi yasebusa ngaye, abanta abapendake ngokushumayela kwake bekhanga nabase Mhlahlane bafuyelele emashumini anga42. ngapandhle kwebandhla elelihwa.

Umfi lona isifo nsuhleba ngo December 1919, esinhlangotini nase nzweni. Kepa kwase kompodile amandhla uMfundisi Gibbs no Miss F. E. Roberts beza imizuzu emiknla ngokubiza uDr. Bakeuster waseDouleni owaze wafika isikati esibili kepa wafumanise ukuti isibindi sivavakile. Wati akanakupila. Kanti zempelo isifo sisegcina ngomkuntabata wamaka emhlabeni ngo Feb. 23. 1920. Inzuzo yokumbela yaba ngo 24. 2. 1920, 2. p m Umfundisi Gibbs ithobisi laba umebezi wake so akonzana-Roberts wamgqokisa ngamayembe amahle. Sibonga kakulu impela. Amasvi 19:17 Isihla 41:1. Sibonga namadoda ebandhla futi nawo enza imisamo emikulu awo-Somon Mtetshana, Samuel Nyawo, George Zulu, Peter Mtetshana, Johannes Mayeyana. Zacharia Ntansi, (Umvangeli.)

Lamadoda ke iwona nawo abeshiye isindhlu zawo ehlala kona kumVangeli emvuza emlelise emfanse enza konke okwenziwa esigulini. Wase wapelela ezandhleni zabo nee Nkosana. Kepe okutonisa kukulu kunconke isikati abeti isikati sami sesipelile ngiya hamba ati futi angiza ngabazi ngesulu, sengisedaze kwalo. Ushiye amazwi amahle kakulu wati utobona ngoJesu wake. Abantwana bake abahlukanise'e kahle ifa labo. Utena ezohamba ku Nkosikazi yake, ishlisiyo yako iyavuma ukuba ngihambe na? Wavuma we'i malibongwe igama leNkosi.

Owenu eNkosini Yetu uJesu,
Isipofa P. O.
Via Umtwalume Rail.
5/3/20.

## Opendula uKad'aeneta.

(Ku Mhleli weLanga laseNatal)

Ngicela indawana epepeni lako kengipendule uKad'eneta ngesifando esiqondise kumqHead Teacher apete amsCollege, namaDay Schools. Akengibuze kuMr. Kad'eneta ukuti konje amsCollege afundiswa obani? Loku mina ngari ukuti amsCollege apetwe otisha abahlonipekayo abamhlope, namaDay Schools apetwe otisha abasungama abahlonipekayo, bebuswa bebolwa umteto wamakosi abo abahloli abahlonipekayo bakwaHulumeni.

Ngetemba ukuti amuko noyedwa odakwaye, ogemisyo notakayo ongayekwa enukubeza umsebenzi wabo ongaka. Ngibuza kuwe Kad'eneta ukuti iBlack List lena yenzelwani? Lamadhla wena nsuwatsta kona komkulu yini ukuba kube ngawena osuyi "Black List" na?

Ngiyanimema nonke naHead Teacher nanga umuntu esinukubeza pambi kwezwe!

Ngicela kuwe Mhleli ukuba nje noma igama lake ngingalazi ake aje ngazise ukuti:

Kad'eneta *Umfundisi?*
*Umhumayeli?*
*Yitolwa?*

Ngipakamise loku ngiti isihlanganc naHead Teacher simfune lomuntu ngoba owensa okunje afanele amangelelwe isihlanze. Niyazi kusanda ukuhxoayelwa omunye uTeacher ngob'azipata kahle.

Yimina,
HEADTEACHER.


# Wanted

Capable Native Saddle and Harness Stitchers. Apply by letter to Greatrex Limited, Box 71, Durban, or in person to Greatrex Limited, 444, Smith Street, Durban.


## Umhlangano wesizwe sakwaZulu.

Umutwana uSolomon kaDinuzulu ememe onke amakolwa ukuba asize lowo uhlangano ukuti uHulumeni engcobe ukuba state isikundhla sikayise wati pambi kukaZulu eviyoaye umfo kaHoqosa, "Nanto ke isibuko lika Hulumeni saZulu, nilipotose lisibuke uHulumeni nyabdilitala pase kwetu. Futi ke ibani nemihlangano ajolo yonke imisyaka wenqubelo pambili."

Lo mhlangano ke wamikwatiwe emalihlasi namakolwa kuqala ukuba onke asambadhla namakolo apetwe ngabanhlope nasipotoyo stamele isitsaywa sawo kulomhlangano."

Akuko luSata namaNdhlakazi asiNgqosa nasQuinsi nowaeSitangwini onke sibukye pansi kutaHulumeni. Kuhle ke ukuba kitayiwa nizifumbise isishumayelwa esikonke ukuti niyaki ndaba. Abanye bonke bacelwa ukuba bakotale uRev. T. N MATE, Mahashini Store, P. O. Nongoma, Zululand.

Ngeyasuka umukandhleni yonkhe ngano, kohlangenelwe kwaku ngoMay 9 ngokwesiNo ilanga lonke kuti kunzo kuswe isindaba pambi koMatswana ngoMay 7 ngokwesihlanu, bras ndhlela kwaNongoma enkantolo.

Isinto esiyakumiswa nazi;—

1. Inhlangano yesindaba ngonyaka
2. Umbuleli wesizwe ohlala no-Matwana.
3. Isikwama esizwe.
Namabe intando Zalu.

S. D. SIMELANE. (Sec.)
Mahashini Store,
P. O. Nongoma,
Zululand.

## Imiqondo yabantu ngaban tu.

Umpinda uMr J. S. Shosi, Durban uti yena kabezi ukuti ukukanya kuya pambili, uti akuko ngoba esehlelo imisyaka emalingi lapa eTekwini eboss inumcomanene kwakwa nesintombi samamjoma esitezi icilo lemikuba emibi. Uti kuti kungatsedwana ibise imizwa isiya esitulo iyotenga amabhodwe nentombi ayisabuzi isiqunga isibindi lelo iya emsketo lpoto ubasikidi ingesabi nabani. Uti ibandhla nabazali mabakuse lomhlola oswandile womgasho.

## Osola ukuqgoka okubi.

Uti uMr. Henry M. Mvuyana:—

Magondana nokuqgoka loku kokufaka iyembe umfana alivale esifubeni nokala bezehambhake akuimfanelo yokuba abefundisi babevumele abantu abangama Kristu ukwenzenjalo. Kubukeka kabi impela mhleli. Futi mayelana nabesifazane abangama Kristu abafaka izinqabo ezimfotshane, nezivesa isifuba kakulu abafundisi akufanele babavumele labobanta abenzenjalo. Akukombi umuntu ongumKristu egqoke kanjalo. Sengati abefundisi banga kukulume loko ezindhlini zamasonto kumbe kwabe Bandhla bakuyeke; kuvamile loko ema-Scotiwesi abantu bakiti.

## Isitombe epasini

Ngasoludaba uMr William Mkise uti kuyinto enhle ukuba umuntu afake isitombe sake nou isitupa sonuswe wake ngoba kukeza izigebengu ezicashayo omuye umuntu ntsta ipasi lonuaye umuntu webenza ngalo kube kungeko bufakazi

## Ngamakosi amunyana nemali

Uti uMr. Mkovu Dube:—

Mina ngiyakala kakulu ngamaswi akuinanywe iLanga langomuhla ka March 12th okuti kuhle amakosi amunyama abezwele ku iHulumeni abanta bawo abafele amandhla abo.

Mina kangetembi ukuti amakosi asayo indhlela yokuzwela abantu bawo ngiti yinina nina beLanga eningabezwelasto. Amakosi lana akanayo indhlela yokubezwela ngoba kwesaqe wona scitwa abelapgu bamupalazi kodwa imiqondo yabo kayikwazi ukubona luto ukuti loko kwenziwa yini ukuba bacitwe emazweni abo.

Mina ngiti kwenziwa ukuba imali yabo abateta ngayo amecala kabayisebenzisi ngaluto batenga utiligi ngayo nokubata isitembu kupela.


## The Paragon Sharpening & General Repair Works.

W. A. Kinlock.

179, Umgeni Road,
Durban.


Umloli wezinto zonke ezinobukali, umkandi wezihlutalelo, umvasi wemishini yokutunga yazo zonke izinhlobo inyanga yezitofu, umblanzanzi wemimbi ngomtofu nangetasi nangokwayo yodwa.

Ikeli lasekaya: Inanda M. S.,
Phoenix.

## AUZ'UNGAGEJA.

OkaChamberlain womoya nokuhlambulula uyiko xo okushiwo yigama lawo. Welapa ukuhlambulula nokwelela kubantwana nakwabadala, kwaumuntu isimpete kabi inkwantehe yomoya esiwini kushwaqa kubobh emva kokupuza ingcoswe lomuzi. Auz' ungageja. Utengiswa yibo bonke abatengisi.